

Stock Keeping in Msinga.

1/6

s623 (s)

K13/158 K13/158

E.B.M. Madondo

22.

1b

Ezempuyo.

Izinkomo: Imibala yazo:- Izinkomo ezandile kakhulu kithina Zulu izinzule, nezesiBunu. Izinzule zadauka kwaZulu kanti ezesiBunu zingezamaBunu. Imibala yezinkomo ewaba, empofu, emblophe, emnyama, incokazi, emaqanda kacilo, emdaka, enkone, ekomvu, eqola, intenjana, impevu, ilunga, umduku inyaluthi, intusi, iwasakazi, inco.

Izinhloboenhlobo zezimpondo zezinkomo: isiqengqe, amagubungu, umdlovu, inxaha, uma inkomo izalwa ifana nezenkosi iyathathwa inikwe yona inkosi. Abanye abantu ngokuthanda umbala othile

23. Bakhwelisa izinkomo zabo ngenkunzo enalowo mbala ezinye baziqulale, ukuze kuchume leyo abayijongile.

Izimpawu zezinkomo:

Inkonjane yilena eklaywayo phakathi kanti isikayi yiloku okuqoshwayo. Iqoka yilolu oluhuphunwayo.

Yilowo nalowo muzi unophawu lawo lwempuyo. Uma kushintshana abani nimpuyo, loyo omusha ushaya olwakhe naye. Izinkomoke zinezibongo eziningi. Inkunzemdwayidwa usigubu somshini umashiqeleka.

24. Unomalevu kanomalekasha. Umnini wezinkomo. Izinkomo kungaba ezomnimuzi noma bonke abantu bomuzi, inkosikazi eganile, umfelokazi, indoda engaganiwe - noma impohlo, noma umntwana. Izilwane ziyizibuso zabantu abadala abangasekho amadlozi.

Izinkomo zifuyelwa ukulungisa abangasekho nokungwa abumninanzinkomo. Izinkomo ezinjalo kudingeka zingalimi ziphathwe kahle impela.

Amadlelo nokwelusa: Amadlelo amahle abonakala ngotshani obuhle bomsinde obuluhlaza. Umshike utshani obubi obubulala izinkomo ngokuziqeda amazinyo, zingabe zisakwazi ukudla ngakhoke zibonakale sezizacile ngoaba zingase namazinyo okudla.

25. Izinkomo zidla uma zikhoshelwe entabeni. Zivulelwa ekuseni ukuaba ziyokudla zibuyiswe ntambama ukushona kwelanga, ziphuziswe ngenhlazane, noma selibantu bahle.

Izinkomo ziphuziswa emifuleni noma emithonjeni yamanzi.

/Abantu.....

Abantú uma belusile benza izinto eziningi, bakleze, bahla6e insema, bangcweke, badle nemfe yabantu, bose umbila, baqhathe nezinkomo zodongwe.

Ukwelusa ngokwabafana abancane kanye nezisebenzi. beluse iminyaka, baze bakhululwe abanye abafanyana noma izisebenzi.

Ukuze umfana ayeke ukwelusa ufundisa abanye abafanyana ukwelusa

26. noma bashintshane ngokwelusa. Abanye bakhishwa ukuthamba.

Isibaya sezinkomo: sakhiwa ngaphambili komuzi ngegoqo noma siphicwe, noma sakhiwe ngezingodo. Isango livalwa ngemigoqwane noma ngesivalo. Kubethelwe ngezikhonkwane esangweni naphakathi nesibaya, kwesinye isikhathi kuchelwe ngentelezi esangweni, zishunqiselwe.

Akusibo bonke abantu abavunyelwe ukungena esibayeni.

Umfelekazi akanalungelo, kanye nomakoti lokungena esibayeni.

Kusengelwa khona esibayeni nezinkomo zikulawayo ikulawela khona.

27. Umgwamanda wamadoda uhlanganela khona esibayeni uma ulungisa izindaba zomkhaya, amadoda odwa analungelo lesibaya abesifazana abanalungelo esibayeni.

Izinkomo zohlobo: Izinkunzi zohlobo ziyakhethwa kanti ezinye izinkunzi azivunyelwe ukukhwela. Cishe ukuthi yonke indawo inkunzi ibenye nomake zibembili. Izinkunzi ezingena lusizo zithenwe noma zikulawe. Izinkomazi ziyiswe kule yomizi enezinkunzi eziningi zohlobo. Abanyeke abantu babiza imali ngalokhu.

Inkomo uma isimithi ibonakala ngokuba ithole liyeke ukuncela

28. nobisi lwenkomo lubempofu, ibele lihlume iziboyo ezide, uboya bayo emzimbeni buqale ukucwebezela.

Izinkomo ezimithi ziphathwa kahle, zehlukaniswe nezinkunzi.

Abanyeke abantu bayazelapha ngemithi, ukuze zingaphindwa.

Isikhathi sokhetho lwezohlobo siyaziwa abadala, okuyibona bezazi kahle lezizinto.

Izinkomo ezinye ziyelashwa ukuze zibe nobisi. Izinkomo ezingazali x ziyelashwa noma zikulawe.

Inkomo esekuzala kunye kuthiwa izikulakazana, ekuzala kubili

/kuthiwa.....

s623

K13/158

- kuthiwa izi6ulakazana olikuzala ku6ili, 6ese ku6a inkomazana,  
29. emva kwayo ku6e inkomazi. Uma inkonyane izelwe iyakhethwa,  
ishungiselwe nango mfusamvu, ichathwe ngawo noma ihuda. Iyakhulekwa  
exhi6eni noma esi6ayeni samankonyane.

Amankonyaneke agcinwa odwa noma eluswa odwa nga6afanyana  
a6ancane.

- Ukuthena: Izinkomo ziyafundiswa ukuse6enza imise6enzi  
ethile njengokalima nokugitshelwa. Zigundwe amadle6e nemisila  
ukuze amaqhizane angahlali noku6a athole indawo yokucasha.  
Kufakwe namafutha ngebulashi. Izimpondo zezinkomo zimiswa noma  
30. iyiphi indlela a6aninizo a6azithandayo uma zisencane futhi  
zisathenwa kahle uma zisenaminyaka emi6ili noma emithathu  
ukuze zi6e yizinka6i ezizokhula zithele umzimba wazo ngokwanele,  
futhi nenyama yazo ithambe ngo6a zisuke zingakajoqi futhi  
zingaka kweli.

Ozifo zezinkomo nemithi: Unsukumbili, umbendeni, isiqinhu,  
isashu - umahagana. Izifo zezinkomo kaziqondakali izisusa zazo,  
ukuzelapha futhi lezifo akuqondakali, ngo6a na6amhlophe  
6azelapha ngokuzi6ulala uma sekuzingene.

31. Uma inkomo yephukile yenzelwa uhlaka i6oshwe ngalo kufakwe  
umhla6elo nomposonde ukuze ithambo lihume kunga6i6ikho  
izimpethu futhi.

Ukuhla6a: Inkomo i6ulawela inyama noma igula. Enye  
ihlatshelwa umkhosi noma a6aphansi amadlozi. Kwesinye isikhathi  
uma inkomo yenza into engafanele ukuyenza njengoku6a inkunzi  
ikhwele inka6i noma imbongolo.

Ziningi izindlela zoku6ulala inkomo njengo kuyigwaza  
emhla6ankomo. Inkomo i6ulawo yizo phela izingwazi ezikwazi  
ukuyijuga kanye nje ngomkhonto.

- Inkomoke nayo ezohlatshwa nongayazi uyayi6ona ngo6oya,  
32. nangamehlo ahla6ayo ihambe yethuka u6ala.

A6anyeke 6ayinquma umphebo uma 6eyi6ulala, igazi 6alikhongo-  
zele ngezikhamba ukuze 6enze u6u6ende. Inkomoke isizohlinzwa  
masinyane, yathiwe phela kuqala ngomhebe wokwetha yilowo  
ofundile ukwetha.

/Izicu6i.....

Izicubi zenkomo: insonyama usinyaka, intwani, umkhele, isifu6a, i6ele, amanqina, u6ilo, ilunda, isinqe, umhlu6ulo, amathumbu, inceka, iphaphu, inhloko, umlenze ungiklana, usu, uvokwana, ulima, amehlo, isixhanti, ngalo, u6ambo, elifuphi, isikhinkili, amadilikelwano isi6indi, inhliziyo, ingo6o, izinso.

33. Itwani lingelamakhosikazi alidliwa amadoda. Iphaphu lingela6afana a6elusa inkomo kanti inhloko yona ingeyamadoda. Umkhele namadilikelwano owa6o nomzane.

Insonyama yiyona nyama yezikhulu amakhosi nezinduna nomake isixhanti. Uvokwane awudliwa a6antu a6ase 6asha ngo6a kuthiwa 6ayozala izingane ezande ngemilomo.

Amathambo ayashiswa noma anikwe izinja ziqathe, 6ambalwa ase6ezama ukuthengisa ngawo. Isikhumba senza izidwa6a amahawu, imichilo, izingu6o - iziphuku. Konke lokhu kwangaphakathi kuya cuywa kwenziwe icomelo okuyilona lidliwa yila6o a6anga6udli

34. u6ubende kakhulu emakholweni, onyongo ise6enza umse6enzi omkhulu wokuthi lowo ohlatshisiwe achelwe ngayo futhi nezinko zelashwa ngayo uma inkomo ehlatshiwe kungeyokulungisa umnini zinkomo. Ixutshwe nezinsizo ezithile njenge Mbandu neqwaningi ishiswe esi6ayeni, zonke izinko ziyiswe ngalapho intuthu iya ngakhona. Lokhu kwenziwa ngo6a phela kwesinye isikhathi izinkomo nazo ziyaye zilandele umninizo kungezo zodwa izinkomo zonke izilwane zakhe kwesinye isikhathi ngisho na6antu.

35. U6isi: Izinkomo zisengwa kanye ngelanga zisengwa nga6afana a6elusayo noma amadoda uma a6afana 6engakwazi. Izinkomoke zisengelwa esi6ayeni, zisengelwa emathungeni avama ukwenziwa ngomuthi umumbu. Inkonyane iyadedelwa incele kuqala 6esekusengwake futhi emuva kokusenga i6uye idedelwe, a6anye 6ayayihlalela ize yehlise i6uye isengwe futhi.

Umake inkonyane ifile 6ayayiguda kodwa a6anye 6ayayiyeka noma 6ancelise inkonyane yenye inkomo ukuze ikwazi ukwehlisa. Isikhathi sokusenga inhlazane, noma uma inkomo isiyehlisile a6anye 6ayibopha imilenze kanti a6anye 6ayifaka umkhaza noma i6oshelwe spolini ngezimpondo. I6isike luthiwele eguleni,

/lapho.....

s623

lapho luhlangana nolunye oseluvuthiwe nalo lusheshe luvuthwe. U6isike aludliwa yizihambi na6alo6okazi, futhi uma kufe uMnumzane u6ise aludliwa amakhosikazi akhe noma futhi kulelesele izulu ekhaya amasi ayayekwa kuze ku6ethelwe.

- Izimvu nezimbuzi: Zona zihlatshwa noma ngasiphi isikhathi uma umnumzane ethanda inyama evela etshwaleni noma efikelwa isikhulu, noma ebuyisana na6aphansi ngemikhuhlane ekhona ekhaya. Izimbuzi nazo ziyathenwa kusale izimpongo zohlo6o. Zona ke zithenwa zisezincane impela ukuze zibe yizintondolo ezikhulu pheleyo nxa sezihlatshwa. Isibaya sazo sivama uku6a siphicwe ngophico ukuze zingacushi. Abantu bonke 6anelungelo loku6a
36. nezimbuzi. Izikhumba zazo zenziwa amabeshu izinene, izikhumba zokuhlala, iziphuku.

Amadlelo: amadlelo amahle ezimbuzi yilawo anezihlahla ngo6a phela ziyazithanda izihlahla. Izimvu zona zithanda utshani ngakhoke amadlelo amahle azo yilawo asezinkalweni. Nazoke izimvu nezimbuzi x ziyelashwa ukuze zande futhi zikhuluphale. Zishunqiselwa ngamakhekhe6a asomile ezinyosi kanye nomnukambi6a namasimba embila nentenesha.

Imvuke ayikhali uma iculawa ngo6a uma ike yakhala kuthiwa kuseke ku umhlola omu6i obanga uku6a kushe umuzi wonke. Imvu emnyama yiyona esiza izinyanga ngamafutha oku6ethela futhi. Ezezinduna ziyayekwa zibe ziningana ukuze zikwazi ukuzalisa impahla masinyane ngo6a phela ziya phangelana.

Izinkuku: Ukutholakala kwenkuku 6athi, ya6e ihlala endle kodwa kwa ngoku6a ifumanise ukuthi kanti lapha emzini ya6antu yilapho kukhona ukudla okuningi aya6e isathanda ukuhlala enta6eni ithi noma kade ihambile icuye izofuna ukudla, yazala a6antwana a6angaphinga 6ahlala enta6eni.

- Izinhlo6ophlo6o zezinkuku: ezimhlophe ezimnyama,
37. ezimakhwifikhwififi, ilanda Izinkukuke ziyadliwa nanxa kungesi6o bonke a6antueekhaya a6adla inkuku. Namaqanda ayofuthi ayadliwa. Amakhosikazi asemasha nezintombi akuyidli ngo6a kuthiwa kuyihlazo ukuyidla njengo6a phela nansi ilala emini, 6onake akudingeki 6alale emini.

/Izinkuku.....

Izinkuku zakhelwa izindlu zokulala nanxa phela iningi labantu lithi ziyozibonela zona indawo yokulala. Abanyeke bamisa izinti nje bese befulela ukuze zinganethi uma lina noma zingashiswa ilanga uma libalele kakhulu.

Izinguluḃe: Izinguluḃe nazo zagogwa nje ngokuḃa zikhulekwe, zibanjwa emahlathini lapho zazihlala khona njengoḃa nanamhlanje kwezinye izindawo ezinemahlathi amakhulu asacinene zisekhona. Kakhuqondakali isikhathi ezatholwa ngaso. Ziyadliwa kodwa azidliwa amantombazane asekhulile namakhosikazi asemasha nezinsizwa namadoda. Zidliwa abantwana namakhehla nezalukazi. Kodwa amafutha ayo agcotshwa n yibobonke abantu.

Izinja: Kufiyoza kancane ukwazi ngezinja kwebadala, ngoḃa nabo bayangabaza kungathi zabanjwa nje entabeni nazo  
38. zejwayezwa ekhaya ngokudla nangokuxhashiswa ngemithi ekutshwe nezinsila zabantu. Zinezibō eziningana nazo njengalesi, isimakhu, ibahu, umonya, iduḃe. Ziyafundiswa ukuzingela izinya mazane nezinyeni ngokuḃa zixhashiwe ngamasimba azo zinikwe namathumbu engakhanyiwe ukuze zikwazi ukuwuthola umkhondo.

Amagama ezinja: Usiqholobane, ukhe lekhele, ubopi, umsondi.

Izinjake abanye bayazithanda kanti futhi abanye abafuni nokuzibona nje. Bathi bangayibona kuḃe yimpi yona leyo. Nazoke njengoḃa sengishilo ziyelashwa ukuze zikwazi ukuluma noma zesabeke kubantu. Bazixhaphisa ngofezela nengwe kanye nenhliziyo yebuḃesi.

Izinja ezisencane ziyathemva ukuze zingahluphi zilokhu zihamba zifuna ukuphinga njengezinja zonke kanti futhi mayō eyensikazi iyathenwa, Inja uma iseyizibulakazana abantwana bayo baphiwa abantu kodwa uma kungeyohloḃo bayathengwa ngesihlanu noma ngembuzi.

Amakati: Amakati kungathi wona abengaziwa kwaZulu ngoḃa abadala bathi kungathi afika nomlungu uSompungane kusaḃusa inkosi uShaka. Aseḃenza umseḃenzi omkhulu wokuḃamba amagundane futhi cishe ukuthi athandwa abantu bonke.

39. Ezinye izilwane: Ihhashi, imbongolo: Zithengelwa ukuthwala, noma ukuḃoshelwa enqoleni ikakhulu uma indlela inde. Amahhashi ayagitshelwa futhi.

END 623